# ITHEMU 3 IZINDABA





Amaqanda amasha adayiswayo 1


UKelvin Doe: uDJ Focus 15


UZweli uyakhuluma 31


UGreta Thunberg, iqhawe lokuguquka kwesimo sezulu! 43


UTrevor Noah, unwabu 57


INingizimu Afrika yethu sonke 71


UZandile ufunda ukuzindla 85


Ngubani uKatherine Johnson? 99

STORY 1

# AMAQANDA AMASHA ADAYISWAYO



Indikimba: Singosomabhizinisi



### Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Isethwe eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Lendaba izosiza abafundi bakho baqonde ukuthi osomabhizinisi basebenzisa lokho abanakho ukuxazulula izinkinga, ukuqala amabhizinisi nokuthola imali.



### Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Izinkukhu zibeka amaqanda, ngokujwayelekile elilodwa ngesikhathi. Abantu bangawaqoqa lamaqanda bawadle.
- Ihhoko umpheme noma indlu lapho kuhlala khona izinkukhu. Izigcina ziphephile futhi yenza kube lula ukuqoqa amaqanda azo.
- Iprotheni umsoco otholakala ekudleni okunjengamaqanda, ubhontshisi, inhlanzi nenyama. Isiza imizimba yethu ikhule ihlale inamandla.
- Ibhizinisi ilapho abantu bakha, betshala noma bedayisa okuthile ukuze bazuze imali. Endabeni uGogo udayisela amakhasimende amaqanda.



### Isu lokuqondisisa: Yenza iziphetho

- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.



Ukuze usebenzise leli su:

| Ikhasi nesigaba | Ukufunda | Ithi |
|---|---|---|
| 3, 1 | Ugogo kaRhulani wayenezinkukhu eziningi. Izinkukhu zikagogo zazizalela amaqanda amaningi. "Amaqanda agcwele amaphrotheni!" kwakuhlale kusho ugogo. Njalo ekuseni, uRhulani nodadewabo uRudzani babedla amaqanda kanye nesidlo sasekuseni. Ngesinye isikhathi babedla ipapa namaqanda njengesidlo sakusihlwa. Noma kunjalo, kwakuhlala kunamaqanda acashile egcekeni. | Ngingaphetha ngokuthi umndeni kaRhulani unamaqanda amaningi kunalokho abangakusebenzisa. Badla amaqanda njalo, kodwa basenawo amaningi asele! |
| 8, 4 & 5 | Wayesenza isikhangisi esithi: Sidayisa amaqanda amasha, namnandi! Agcwele amaphrotheni! Wadweba isithombe senkukhu kanye neseqanda kuleso sikhangisi ukuze sizoheha wonke umuntu. | Ngiphetha ngokuthi uRhulani ucabanga ukuthi ibhizinisi lamaqanda lihle ngoba ufuna ukusiza. |

Ugogo kaRhulani wayenezinkukhu eziningi. Izinkukhu zikagogo zazizalela amaqanda amaningi. “Amaqanda agcwele amaphrotheni!” kwakuhlale kusho ugogo. Njalo ekuseni, uRhulani nodadewabo uRudzani babedla amaqanda kanye nesidlo sasekuseni. Ngesinye isikhathi babedla ipapa namaqanda njengesidlo sakusihlwa. Noma kunjalo, kwakuhlala kunamaqanda acashile egcekeni.



Ngolunye usuku uRhulani nomngani wakhe uDakalo babegijimisana, uRhulani wanyathela iqanda engahlosile. Wezwa ukufahlazeka. “Ewu!” kukhala uRhulani ngenkathi ephakamisa unyawo lwakhe ebona ukunamfuka kweqanda esicathulweni sakhe. Ngenkathi uRhulani ekhombisa uninakhulu isicathulo sakhe esigcwele uketshezi olunamfukayo, wamhleka. “Lezi ziphukuphuku zezinkukhu zizalela amaqanda amaningi kakhulu!” kusho yena.



Ngalobo busuku, uDakalo wahlala kwaze kwaba yisikhathi sesidlo sakusihlwa.

Ugogo wabaphakela ipapa namaqanda.


“Amaqanda agcwele amaphrotheni akunikeza amandla!” esho ngenkathi ebanikeza amapuleti.

UDakalo wathula kancane. Wadla enokungabaza. “Lamaqanda amnandi!” kusho yena. “Angivamile ukuthanda amaqanda kodwa lawa ahlukile!”

“Lawa aphuma ezinkukhwini zakithi!” kuchaza uRhulani.



Ngemva kwesikhathi sokulala, ugogo wahlala yedwa. Wacabanga ngawo wonke amaqanda engeziwe agcwele egcekeni. Wacabanga ngoketshezi lweqanda olwalusonyaweni lukaRhulani. Wacabanga ngawo wonke amaphrotheni agcwele emaqandeni akhe. Wacabanga ngalokho okushiwo nguDakalo. Kusenjalo, wavela necebo.



Ngakusasa ngenkathi uRhulani efika ekhaya ebuya esikoleni, wathola uninakhulu egcekeni ephethe isando, izipikili, amapulangwe nothayela, kanye nethini elidala likapende. “Wenzani?” ebuza.

“Ngakha ihhoko lezinkukhu. Akulungile ukuthi sibe namaqanda amaningi agcwele lonke leli gceke, ngoba sesizoqala ukwenza ibhizinisi lokuwadayisa! Uma sigcina izinkukhu zethu ehhokweni ekuseni, zizozalela amaqanda azo phakathi kulo.”



“Kumele sibeke isikhangisi esizokhombisa abantu ukuthi sidayisa amaqanda!” kusho uRhulani.

URhulani wathatha ucezu lwepulangwe enqwabeni ayekuyo wayesevula ithini likapende.

“Ungakhohlwa ukubhala ukuthi amaqanda agcwele amaphrotheni!” kusho ugogo.

Wayesenza isikhangisi esithi: Sidayisa amaqanda amasha, namnandi! Agcwele amaphrotheni!

Wadweba isithombe senkukhu kanye neseqanda kulolo phawu ukuze luzoheha wonke umuntu.



Ngenkathi uRhudzani efika ekhaya ebuya esikoleni, ihhoko lase liphelile. Ugogo noRhulani babebeka isikhangisi.

“Siqala ibhizinisi lamaqanda!” kusho uRhulani etshela udadewabo.

“Lesi sikhangisi sihle, kodwa sizobonwa kuphela ngabantu abadlula ngendlela. Ngizokwenza amapheshana okukhangisa esizowanikeza abantu!” kusaqhuba uRhulani.

Wathatha inqumbi yamaphepha namapeni amibalabala. Wachitha ubusuku bonke enza amapheshana okukhangisa amahle.

“Ungakhohlwa ukukhangisa ngokuthi amaqanda agcwele amaphrotheni!” kusho ugogo.



“Kunenye indlela engiyaziyo esingakhangisa ngayo amaqanda ethu,” kusho ugogo. “UMnu. Tshivase ujwayelene nawo wonke umuntu. Ngizomnikeza amanye amaqanda, ukuze ezokwazi ukusakaza lezi zindaba!”

“Ungakhohlwa ukumtshela ukuthi amaqanda agcwele amaphrotheni!” kusho uRhulani ngenkathi ugogo ephuma ngomnyango.



Emva kwezinsuku ezimbalwa, kwangqongqoza umuntu emnyango. Kwakungunina kaDakalo. "Ngizwe kuthiwa udayisa amaqanda," kusho yena. "UDakalo uthe mangithenge amaqanda enu kunalawa asesitolo! Ngizothatha idazini!" Wakhipha imali yakhe.



Emva kokuba esehambile, uRhulani wabuza uninakhulu ukuthi yini abazoyenza ngemali?

“Ngicabanga ukuthi kufanele silikhulise ibhizinisi lethu,” kusho ugogo. “Masonge imali bese sithenga izimbewu ukuze sizokwazi ukudayisa nemifino enamavithamini anempilo. Nhloboni yemifino ongathanda siyitshale?”





## Ukufunda 1

**Ingabe wanyathelani uRhulani?**
Wanyathela iqanda elalisegcekeni.

**Wabhala ukuthini uRhulani kwisikhangisi saakhe?**
Wabhala ukuthi, "Sidayisa amaqanda amasha, amnandi! Agcwele amaphrotheni!"

**Kungani uninakhulu kaRhulani anquma ukuqala ibhizinisi lamaqanda?**
- Ngoba babenamaqanda amaningi abangawasebenzisi.
- Ngoba waqaphela ukuthi bamosha amaqanda.
- Ngoba uDakalo wancoma indlela ayemnandi ngayo amaqanda.
- Ngoba wayazi abantu abaningi emphakathini ababengazuza ngamaqanda amasha nanempilo.



## Ukufunda 2

**Kungani singaphetha ngekuthi uRhulani noRudzani balithanda isu likagogo?**
- Ngoba bobabili babefuna ukumsiza ukuthi aqale ibhizinisi lakhe.
- Ngoba bobabili bachitha isikhathi ngokusiza ukukhangisa leli bhizinisi elisha.

**Balikhangisa kanjani ibhizinisi labo oRhulani, uRudzani kanye noninakhulu?**
Benza isikhangisi, amapheshana okukhangisa futhi batshela nabantu ngomlomo.

**Kungani unina kaDakalo wayezothenga amaqanda?**
- Ngoba uDakalo wawathanda kakhulu amaqanda amasha futhi anempilo avela ezinkukhwini zikagogo.
- Ngoba ugogo waqala ibhizinisi lokudayisa amaqanda ayengawadingi.
- Ngoba zonke izikhangiso zabo zazibasebenzela!

STORY 2

# UKELVIN DOE: UDJ FOCUS

Indikimba: Singosomabhizinisi





### Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba esaqiniso.
- Yenzeka eSierra Leone.
- Yenzeka esikhathini esisanda kwedlula.
- Lendaba izosiza abafundi bakho baqonde ukuthi ubuciko, ukubekezela, nokuxazulula izinkinga kungasiza kanjani abantu bathuthukise imiphakathi yabo. Kuphinde kukhombise ukuthi ukusungula izinto ezintsha, ukufunda emaphutheni, nokusebenza kanzima kungasiza abantu bafeze imigomo yabo futhi benze umehluko omuhle emiphakathini yabo.



### Isu lokuqondisisa: Hlolisisa

- Kuyini: Ukunquma ukuthi uyayithanda yini indaba noma izinqumo ezenziwe ngabalingiswa.
- Kungani sikusebenzisa: Ukwakha imibono ngokokwakho bese uqonde indaba ngokujulile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi ucabange ngomyalezo wendaba nalokho okholelwa kukho mayelana nayo.



### Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Ugesi unikeza izibani, imisakazo, omabonakude amandla, kanye namanye amadivaysi amaningi. Ngaphandle kukagesi, kungaba mnyama emakhaya futhi nabantu angeke bakwazi ukusebenzisa izinto eziningi ezisebenza ngogesi.
- Okusunguliwe into entsha eyakhiwe umuntu ukuxazulula inkinga. Ukuqamba izinto ezintsha kusho ukuthola izindlela ezintsha nezingcono zokwenza izinto.
- Imfucuza yizinto ezindala noma eziphukile abantu abangasazisebenzisi. Kwesinye isikhathi lemfucuza ingagaywa kabusha noma iphinde isetshenziswe ukwakha okusha.
- Isiteshi somsakazo sisakaza izindaba, umculo kanye nolwazi ukuze abantu abaningi bezolalela bafunde ngokwenzekayo emiphakathini yangakubo.




Ukuze usebenzise leli su:

| Ikhasi nesigaba | Ukufunda | Ithi |
|---|---|---|
| 20,1 | Emva kwalokho, uKelvin wayechitha amahora amaningi ehlanganisa izingxenye ezephukile nezindala zikagesi ukuze azenze zisebenze. Wazifundisa ukuba unjiniyela ngokuzama, ngokwenza amaphutha nangokunaka ngokucophelela. | Ngiyahlola ngithola ukuthi uKelvin ungumuntu onokuzimisela kakhulu, ngoba wazifundisa ubunjiniyela ngokuzama nokwehluleka. Kumele ukuthi wenze amaphutha amaningi futhi wazama izinto ngezindlela ezahlukene - kodwa akazange aphelelwe ngemandla! |
| 23,1 | Ekhempini kaDavid, uKelvin wazakhela isiteshi somsakazo kanye neminye imishini edingekayo ukuze akwazi ukusakaza esiteshini sokusakazela umphakathi wakubo. | Ngiyahlola ngithola ukuthi uKelvin ungumuntu onokuzimisela kakhulu, ngoba waba nombono wokusiza umphakathi wakhe - futhi wasebenza kanzima ukwakha konke ayekudinga ukuze aqhubeke. |

Le ndaba isuselwe endabeni eyenzeka ngempela kaKelvin Doe. UKelvin kwakungumuntu ongajwayelekile owasebenzisa ikhono lokusungula kanye nokuzimisela ukuze asize umphakathi wakubo.



UKelvin wazalelwa eFreetown, eSierra Leone. Ngenkathi ekhula, endaweni yakubo eFreetown, kwakunezintambo zikagesi eziningi, kodwa zazingavamile ukuletha ugesi emakhaya. Uma kwenzeka, ukukhanya kwakufika kanye ngesonto. Isikhathi esiningi izindlu zabantu zazihlala zimnyama.



Ngenkathi uKelvin eneminyaka eyi-10, wanquma ukuthi wayezosiza ngokuxazulula inkinga kagesi esigodini sakubo. UKelvin waqala waqoqa izinsimbi ezingasasebenzi, imishini elahliwe kanye nezinto zikagesi eziphukile. Wayezifuna kuyo yonke imigqomo yezibi eyayiseFreetown ukuze athole zonke izinto ezingasebenzi ayezozifundisa ngazo.



Emva kwalokho, uKelvin wayechitha amahora amaningi ehlanganisa izingxenye ezephukile nezindala zikagesi ukuze azenze zisebenze. Wazifundisa ukuba unjiniyela ngokuzama, ngokwenza amaphutha nangokunaka ngokucophelela.




Ngenkathi uKelvin eneminyaka eyi-13 ubudala, wayesesungule ibhethri elisebenzisa izinto esezike zasetshenziswa okubalwa kuzo isoda, i-esidi, insimbi kanye netheyphu. Ibhethri lalinamandla anele ukuthi lingakhanyisa izindlu emphakathini wakubo futhi limsize ukwenza izinto ezintsha.




Emva kwalokho, uKelvin wezwa ngekhempu yokusungula eyayiphethwe ngumuntu omusha waseSierra Leone owayebizwa ngokuthi uDavid Sengeh. UDavid waphonsela abantu abasha inselelo yokuthi bacabange ngezinkinga ezinzima ezibhekene nemiphakathi yabo bese beza kule khempu ukuze bakwazi ukuzixazulula. UKelvin wayesenquma ukuthi intsha yasemphakathini wakubo idinga umuntu ozoba yizwi layo. Wahlanganisa iqembu wayesefaka isicelo kule khempu ukuze benze yonke into abazoyidinga ukwenza isiteshi somsakazo. “Uma singaba nesiteshi somsakazo singaba nenkulumo-mpikiswano ngezinkinga ezithinta umphakathi wakithi kanye nayo yonke iSierra Leone,” kuchaza uKelvin.



Ekhempini kaDavid, uKelvin wazakhela isiteshi somsakazo kanye neminye imishini edingekayo ukuze akwazi ukusakaza esiteshini sokusakazela umphakathi wakubo.




Ngenkathi eseqedile ukwakha yonke into edingekayo, uKelvin wahlela abantu abazosebenza ngokugcwele. Emva kwalokho isiteshi sakhe saqala ukusakaza izindaba, ukufunda imibono yabantu abayibhalile kanye nabayishoyo, futhi badlale nomculo. Emsakazweni uKelvin wayaziwa ngokuthi uDJ Focus. Igama likaKelvin lokuba uDJ lavela ekukholelweni kwakhe ukuthi uma ucophelela, ungakwazi ukusungula noma yini.




Isiteshi somsakazo sikaKelvin esimangalisayo sasiyilokho kanye ayekudinga uDavid. Inhloso emqoka kaDavid kwakuwukuthuthukisa izinkulungwane zabantu abasha babenezifiso ezinkulu zokuxazulula izinkinga zabantu endaweni yakubo. UDavid wayekholwa ukuthi uKelvin wayenekhono nentshisekelo yokushintsha ikusasa labantu baseSierra Leone. Isiteshi somsakazo sikaKelvin esisha saholela ekutheni athole umklomelo ophambili wasekhempini kaDavid ngalelo hlobo.



UDavid waqala ukuthatha uKelvin njengomfowabo omncane. Wayefuna ukumsiza akhulise ingqondo kanye nekhono lakhe ngokuthi asebenze nabanye onjiniyela. UDavid wasiza ngokuhlelela uKelvin ukuthi ayongenela uhlelo olukhethekile lobunjiniyela enyuvesi yaseMelika olwalubizwa ngokuthi yiMIT.



UKelvin wayeneminyaka eyi-16 ubudala, futhi kunguyena omncane kunabo bonke abake bamenywa kulolu hlelo. UKelvin wayeqala ukuphumela ngaphandle kwaseSierra Leone. UKelvin walithanda ithuba lokusebenza nonjiniyela nokufunda kubo. Kodwa, uKelvin wazizwa enesizungu kakhulu, ekhumbula ekhaya – ikakhulukazi unina.



Engxoxweni yakhe, uKelvin wathi, “Ukubekezela nogqozi kubalulekile ekukhuliseni ikhono lokusungula.”

Kuze kube namhlanje, uKelvin usaqhubeka nokusebenzisa ukubekezela nogqozi ukuqhuba isiteshi sakhe somsakazo, ukusungula izinto ezintsha, nokusiza ukuphucula impilo yomndeni wakhe, umphakathi, kanye nezwe lakubo.





Ukufunda 1

**Wakhulela kuphi uKelvin?**
Wakhulela eFreetown, eSierra Leone.

**Kwakungubani igama lokudlala likaKelvin lasesiteshini somsakazo?**
Igama lakhe lokudlala kwakunguDJ Focus.

**Kungani uKevin ayefuna ukuqala isiteshi somsakazo?**
- Ngoba wathatha isinqumo sokuthi intsha emphakathini wakhe yayidinga izwi.
- Ukusiza anike abantu bomphakathi indawo yokudingida izindaba ezithinta umphakathi/izwe labo.
- Ngoba wayecabanga ukuthi kuzosiza kwenze indawo yomphakathi ibe ngcono.



Ukufunda 2

**Kungani uKelvin anquma ukwakha isiteshi somsakazo?**
Ngoba wayecabanga ukuthi umphakathi wakhe wawudinga indawo yokwabelana nokuxoxisana ngemibono.

**Kungani igama likaKevin lobuDj liwu DJ Focus?**
- Igama likaKevin lobuDJ livela kwinkolelo yakhe yokuthi uma ucabanga ngokugxila kungasunguleka noma yini.

**Yibuphi ubufakazi obusendabeni obusibonisa ukuthi uKevin ungumuntu ozimiselayo.**
- Wazifundisa ubunjiniyela.
- Wazitholela yena indlela yokwenza ibhetri.
- Wenza ibhetri yokukhanyisa indlu yakhe.
- Wezwa ngenkabi esungula izinto ezintsha, wahlanganisa iqembu elizofaka isicelo,
- Wayenesu lokulungisa inkinga emphakathini wakhe, wasebenza kanzima ukwenza kwenzeke.

STORY 3

# UZWELI UYAKHULUMA

Indikimba: Senza umehluko





### Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Isethwe eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Lendaba izosiza abafundi bakho baqonde ukuthi ubuqhwaga buyini, benza bazizwe kanjani abantu ngabo. Iphinde iveze ukuthi bangawukhombisa kanjani umusa nesibindi ngokumela abanye nokuthi bacele usizo kubantu abadala ababathembayo.



### Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Ubuqhwaga benzeka uma umuntu othile esho noma enza ngokuphindelela izinto ezilimazayo komunye ukumenza azizwe edumele, esaba noma evalelwe ngaphandle.
- Abantu banezimo ezehlukene. Eminye imindeni inemali eningi kuneminye. Izingane zingagqoka izingubo nezicathulo ezindala, ezigugile, noma ezichibiyelwe ngoba imindeni yazo ingakwazi ukuthenga kalula ezintsha.
- Ngesinye isikhathi kungaba nzima kubantu ukwenza okulungile, ikakhulukazi uma becabanga ukuthi abanye abantu bangase babacasukele.
- Umsebenzi kathisha ukusiza ukugcina abafundi bephephile esikoleni. Abafundi kufanele bakhulume nothisha uma bechukuluzwa noma bebona omunye echukuluzwa.



### Isu lokuqondisisa: Buza Imibuzo / Zibuze

- Kuyini: Ukucabanga nokubuza imibuzo mayelana nendaba ngenkathi ufunda.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuhlala unentshisekelo nokuthola kabanzi njengoba ufunda.
- Kusiza kanjani: Kukugcina ubambe iqhaza futhi kukusiza ukuthi uqonde kangcono indaba. Kukusiza ukuthi wenze izibikezelo ngalokho okungenzeka endabeni.



Ukuze usebenzise leli su:

| Ikhasi nesigaba | Ukufunda | Ithi |
|---|---|---|
| 33, 4 | “Awubukeki weneme,” kusho unina kaZweli esusa ibhodwe ledokwe esitofini. | Ngiyazibuza ukuthi kungani uZweli ebukeka edabukile? Ngicabanga ukuthi kumele azizwe edabukile ngoba uLungi ubechukuluzwa. |
| 35, 3 | “Lokhu kuzwakala kungumbono omuhle,” kusho unina. “Ngicabanga ukuthi leyo yinto nawe obungathanda ukuthi omunye umuntu akwenzele yona.” | Ngiyazibuza ukuthi uZweli uzonquma yini ukusiza uLungi esikoleni? Ngicabanga ukuthi ufuna ukwenza okuthile ukusiza umngani wakhe, kodwa kungase kumenze azizwe esaba! |

“Bekunjani esikoleni namuhla?” kubuza unina kaZweli ebonda idokwe.

“Bekumnandi,” kusho uZweli. Wahlala phansi esihlalweni.

UZweli wacabanga ngesikhathi sekhefu. Wacabanga ngoLungi. Wacabanga ngendlela ezinye izingane ebezimgcona ngayo uLungi.

“Awubukeki weneme,” kusho unina



“Yebo, ezinye izingane bezihlupha uLungi,” kuphendula uZweli.

“Bezimhlupha zithini?” kubuza unina.

“Zithi ungathi izicathulo zakhe uzithole emgqonyeni kadoti,” kuphendula uZweli. “Zithi ubukeka njengentombazane ehlala ezibini nje, ngoba nakhu izinzwane zakhe zivele ngaphandle kwezicathulo. Khumbula ukuthi ngonyaka odlule – izicathulo zami zazidabukile, njengezikaLungi,” kusho uZweli.



“Ngiyazibuza ukuthi ungasiza kanjani?” kubuza unina.

UZweli wacabanga ngalokhu. “Mhlawumbe ngesikhathi esizayo, ngingatshela ezinye izingane ukuthi ziyeke ukumhlupha,” ephakamisa umbono.

“Lokhu kuzwakala kungumbono omuhle,” kusho unina. “Ngicabanga ukuthi leyo yinto nawe obungathanda ukuthi omunye umuntu akwenzele yona.”



Ngakusasa, insimbi yesikhathi sekhefu yakhala. UZweli wazizwa esaba. Wakhathazeka. “Kazi kuzokwenzekani uma ngitshela ezinye izingane ukuthi ziyeke ukuhlupha?” kusho yena ezibuza.


“Mhlawumbe bazothi ijezi lami livela lapho kulahlwa khona izibi,” ecabanga, ebuka imbobo enkulu emkhonweni wejezi lakhe. “OSibusiso noMandla bazothukuthela bangishaye,” kucabanga yena.



Ngenkathi ephumela phandle, uLungi wayehleli yedwa. Wayehlezi phansi, ezama ukufihla izicathulo zakhe.

USibusiso noMandla baya kuLungi. Nezinye izingane zasondela kuLungi. “Awuthi sibone izicathulo zakho eziwudoti ongcolile namuhla,” kugcona uMandla.

“Uhlala emabibini yini?” kuhleka uSibusiso. Ezinye izingane zazimkhomba, zimhleka.



UZweli wama phambi kukaLungi. “Yekani lento eniyenzayo!” kusho yena. “Yekani ukuhlupha omunye.” Inhliziyo yakhe yayishaya ngamandla. Ubuso bakhe babuzwakala bushisa.

UMandla noSibusiso babukeka bemangele. Basuka bahamba. Nezinye izingane zabalandela.




“Woza lapha Zweli!” kumemeza uMnu. Mabuya. Wayeme ngaphandle kwekilasi lakhe.

“Hhayi bo!” kucabanga uZweli, “Manje uMnu. Mabuya uzocabanga ukuthi bengihlupha. Bengizama ukusiza kodwa manje sengisenkingeni.”



“Ngibone indlela omela ngayo uLungi,” kusho uMnu. Mabuya.

“Ngiyaziqhenya ngawe.” UMnu. Mabuya wanikeza uZweli isitikha esinobuso obumamathekayo. “Ngesikhathi esizayo, ungeza nakimi uzongitshela,” kusho uMnu. Mabuya. “Ungenqeni ukuza kimi; wumsebenzi wami lowo.” UZweli wayesejahe ukuyotshela unina ngakho konke okwangalolo suku.





Ukufunda 1

**Ngubani owayehlukunyezwa esikoleni?**
ULungi owayehlukunyezwa.

**Ngubani owayemhlukumeza?**
UMandla noSibusiso. Kwakuphinde kube khona nezinye izingane ezingashiwo amagama azo.

**Ngubani owanikeza uZweli isitikha?**
UMnu. Mabuya.

**Kungani uMnu. Mabuya anikeza uZweli isitikha?**
- Ngoba uZweli watshela ezinye izingane ukuthi ziyeke ukuhlupha uLungi.
- Ngoba uZweli wenza into elungile.
- Ngoba uMnu. Mabuya wayeziqhenya ngoZweli.



Ukufunda 2

**Kungani ezinye izingane zazigcona uLungi?**
Ngoba izicathulo zakhe zazinezimbobo.

**Ingabe wake wammela umngani wakho njengoZweli? Kwake kwaba khona yini umuntu okumelayo?**
Lalela izimpendulo ezivela kubafundi.

**Ucabanga ukuthi uZweli wenza into elungile yini?**
- Lalela izimpendulo ezivela kubafundi.
- Kungani uZweli anquma ukukhuluma?
- Ngoba wayengafuni ukuthi ezinye izingane zihluphe uLungi.
- Ngoba uZweli wayazi ukuthi ezinye izingane zingamgcona naye.
- Ngoba uZweli angafuna kube khona umuntu ommelayo uma kwenzeka kuba khona omgconayo.

STORY 4

# UGRETA THUNBERG, IQHAWE LOKUGUQUKA KWESIMO SEZULU!



## Indikimba: Senza umehluko



### Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba esaqiniso.
- Yenzeka eSweden.
- Yenzeka esikhathini esisanda kwedlula.
- Lendaba izosiza abafundi bakho baqonde ukuthi singawenza umehluko ngokukhuluma ngezinto ezibalulekile. Iyakhombisa futhi nokuthi singawenza kanjani umnyakazo, futhi sigqugqzele nabanye ukuthi benze ushintsho oluhle emhlabeni.



### Isu lokuqondisisa: Thola futhi ukhumbule imininingwane

- Kuyini: Ukufuna nokukhumbula imininingwane ebalulekile efana nabalingiswa, indawo yesigameko, nezehlakalo.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda kangcono ukuthi kwenzekeni endabeni nokugcina ulwazi olufundwayo.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi ukwazi ukuxoxa ngendaba futhi uqonde ukulandelana kwezehlakalo ngendlela.



### Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- I-Autisim isimo lapho ingqondo igaya ulwazi ngokwehlukile. Lokhu kungenza kube nzima ukukhuluma, ukuzijwayeza nabanye, nokubhekana nezinguquko.
- Ziningi izinhlobonhlobo ze-Autism. Umuntu onjengo Greta Thunberg uphila nesimo se-Autism esezingeni loku-1, okusho ukuthi angasebenza ngokuzimela futhi unamakhono anamandla. Kodwa ke usengabuthola ubunzima ekuxhumaneni nasekubhekaneni nezimo zasemhlabeni.
- Yiba nesineke ucacise kahle uma ukhuluma nomuntu ophila nesimo se-Autism. Kwenze lokhu ngokukhuluma ngokucacile lokhu okushoyo nangokumnika isikhathi sokuphendula imibuzo noma ingxoxo.
- Ingane ephila nesimo se-Autism ingase ibone, izwe noma ibe nemizwa ngokwedlulele. Zama ukuqaphela lokhu. Uma ubona ingane ithule nya noma iba nokuphazamiseka kwemizwa okukhulu, zama ukuyinika isikhathi sokuba yodwa endaweni ethulile.



Ukuze usebenzise leli su:

| Ikhasi nesigaba | Ukufunda | Ithi |
|---|---|---|
| 49, 1 | Ezinye izingane zasheshe zakhohlwa ngevidyo yaseklasini, kodwa hhayi uGreta. Wafunda lonke ulwazi ayengaluthola mayelana nokuguquka kwesimo sezulu. Wafunisisa ku-intanethi izihloko nezifundo. Wabuka amavidyo kuYouTube. Waba uchwepheshe kwezokuguquka kwesimo sezulu. | Kwenzeka kanjani ukuthi uGreta abe uchwepheshe wezinguquko zesimo sezulu? Oh, ngifunda ukuthi wafunda kakhulu futhi wabuka amavidyo ukuze afunde konke ayekwazi. |
| 53, 1 | UGreta wavuma ukwethula inkulumo phambi kwezinkulungwane zabantu embuthanweni omkhulu wokuguquka kwesimo sezulu. Abazali bakhe babekhathazekile ngokuthi isimo sakhe sokuphila ne--Asperger sizokwenza kube lukhuni ukuthi akhulume phambi kwabantu abaningi kangaka. Kodwa ukuzimisela kukaGreta kwamsiza ukuthi anqobe ukwesaba kwakhe. | Yini eyasiza uGreta anqobe ukwesaba kwakhe? Oh, ngifunda ukuthi ukuzimisela kwakhe kwamsiza ukunqoba ukwesaba. |

UGreta Thunberg yintombazane ekhulele ezweni elibizwa ngokuthi kuseSweden. Ukukhula kukaGreta kwakungelula. Wayenokugula okubizwa nge-Asperger's Syndrome. Lokhu kusho ukuthi ingqondo yakhe isebenza ngendlela ehlukile kuneyabanye abantu. Lokhu kwenza kube lukhuni ukuthi akhulume aphinde axhumane nabanye abantu.




Nokho i-Asperger's Syndrome kaGreta imenza agxile futhi aqonde kangcono ngezinto ngendlela ejulile. UGreta wanquma ukusebenzisa i-Asperger's yakhe njengesipho sokulwisana nokuthile ayekholelwa kukho. UGreta wafaka umfutho wakhe wonke ekuzameni ukulondoloza imvelo ngokulwisana nento okuthiwa "uguquko lwesimo sezulu".



UGreta waqala ukufunda ngokuguquka kwesimo sezulu ngenkathi uthisha wakhe ebakhombisa ividyo yoplastiki olwandle kanye namabhele aseqhweni alambile. Ngenkathi uGreta ebuka, wavele wakhala. Izithombe zezilwandle ezinukubezekile zazihleli ekhanda likaGreta. Wayengasakwazi ukucabanga ngenye into. Wanquma ukuthi kufanele enze okuthile ukusiza ngokulondoloza uMhlaba esiwakhele.



Uthisha kaGreta wachaza ukuthi ukunukubezeka komoya okusuka ezimotweni, ezindizeni, eziteshini eziphehla ugesi ngamalahle kanye nasemafemini kudala ukuthi umhlaba wethu ufudumale kakhulu. Uthisha wakhe watshela ikilasi ukuthi umoya okhishwa yizinkomo nawo udala ukuthi umhlaba ufudumale. Lokhu kubizwa ngokuthi uguquko lwesimo sezulu, futhi kulimaza umhlaba.



Ezinye izingane zasheshe zakhohlwa ngevidyo yaseklasini, kodwa hhayi uGreta. Wafunda lonke ulwazi ayengaluthola mayelana nokuguquka kwesimo sezulu. Wafunisisa ku-intanethi izihloko nezifundo. Wabuka amavidiyo kuYouTube. Waba uchwepheshe kwezokuguquka kwesimo sezulu.



UGreta waqala ukusebenzela ukwenza inguquko ekhaya kubo. Wakwazi ukuguqula umqondo wabazali bakhe ukuze baguqule indlela ababephila ngayo. Waguqula umqondo kanina ukuthi angaphinde agibele izindiza. Waguqula umqondo kayise ukuthi ayeke ukudla inyama. Waphendula umqondo womndeni wonke ukuthi abomndeni bangawusebenzisi uplastiki. Lokhu kwenza uGreta abone ukuthi angenza uguquko olukhulu emhlabeni, uma engase aguqule imiqondo yabantu abaningi.



“UGreta wanquma ukubhikisha ngaphandle kwePhalamende laseSweden. Wapenda uphawu epulangweni elincane. Wabhala amaqiniso athile emapheshaneni ayezowanikeza abanye. Wayesesuka, egibela ibhayisikili lakhe eya esakhiweni sasePhalamende. Ngosuku lokuqala, uGreta wahlala yedwa. Abantu ababedlula babembuka.



Kodwa ngosuku lwesibili, abantu baqala bahlanganyela naye. Emva kwalokho, kwase kukhona abantu ngaso sonke isikhathi. Ngezinyanga ezilandelayo, uGreta wahola ababhikishi abalwisana nokuguquka kwesimo sezulu ezweni lakubo.



UGreta wathola ukunakwa okuhle eSweden. Kepha, wanquma ukuthi kufanele enze okudlula lokhu! UGreta wavuma ukwethula inkulumo phambi kwezinkulungwane zabantu embuthanweni omkhulu wokuguquka kwesimo sezulu. Abazali bakhe babekhathazekile ngokuthi isimo se-Asperger yakhe izokwenza kube lukhuni ukuthi akhulume phambi kwabantu abaningi kangaka. Nokho ukuzimisela kukaGreta kwamsiza ukuthi anqobe ukwesaba kwakhe. Izinkulungwane zabantu zamhalalisela uGreta zaze zaqopha ngisho nenkulumo yakhe kuvidiyo.



Ngakho uGreta wanquma ukusebenzisa izinkundla zokuxhumana kanye ne-intanethi ukuthi kumsize ukudlulisela umyalezo kubantwana emhlabeni wonke. Wafaka izithombe zemibhikisho yakhe ku-Instagram.

Wafaka amavidiyo ezinkulumo zakhe kuFacebook. Wabhala imiyalezo kuTwitter. UGreta wasebenzisa i-intanethi ukuze axhumane nezinkulungwane zabantwana ababekhathazeka ngokuguquka kwesimo sezulu emhlabeni wonke jikelele.



UGreta wake wathi, “Bengilokhu ngiyileyo ntombazane ema emuva engasho lutho. Ngangicabanga ukuthi ngeke ngiwenze umehluko ngoba ngangimncane kakhulu.“

Esikhathini esingaphansi kancane nje konyaka, uGreta wagqugquzela izinkulungwane zezingane ezivela emhlabeni wonke ukuthi zibhikishe futhi ziphinde zikhulume ngokuguquka kwesimo sezulu!





## Ukufunda 1

**Yini into uGreta ayekhathazeka ngayo?**

- Wayekhathazeka ngokuguquka kwesimo sezulu.
- Wayekhathazeka ngokulondoloza umhlaba.

**Yini into eyodwa uGreta ayeyisebenzisela yona i-intanethi?**

- Ukuba uchwepheshe kuguquko lwesimo sezulu.
- Ukufaka izithombe ku-Instagram.
- Ukufaka amavidiyo kuFacebook.
- Ukubhala kuTwitter.
- Ukuxhumana nezingane emhlabeni wonke.

**UGreta wawudlulisela kanjani umyalezo wakhe ngokuguquka kwesimo sezulu?**

- Waguqula imiqondo yabazali bakhe ukuze baguqule imikhuba abayijwayele.
- Wabhikisha ngaphandle kwePhalamende.
- Wenza amapheshana ukuze awanike abantu.
- Wethula inkulumo embuthanweni omkhulu.
- Wafaka izithombe.
- Wafaka amavidyo.
- Wasebenzisa izinkundla zokuxhumana.



## Ukufunda 2

**Yini into eyodwa ebanga ukuguquka kwesimo sezulu?**

- Ukunukubezeka komoya okusuka ezimotweni, ezindizeni, eziteshini eziphehla ugesi ngamalahle kanye namafemu.
- Umoya okhishwa yizinkomo nawo wenza ukuthi umhlaba ufudumale.
- Ukunukubezeka/ ukungcola.

**Ucabanga ukuthi yini eyenza uGreta waba ngumuntu omangalisayo?**

- Ngicabanga ukuthi uGreta ungumuntu omangalisayo ngoba...

**Kungani uGreta akhetha ukusebenzisa izinkundla zokuxhumana?**

- Wayefuna ukuguqula imiqondo yabantu abaningi ukuze balwisane nokuguquka kwesimo sezulu.
- Wasebenzisa izinkundla zokuxhumana ukuze akwazi ukufinyelela ezinganeni emhlabeni wonke.
- Ngoba wabona ukuthi abantu emhlabeni wonke kufanele basebenze ngokubambisana ukuze bakwazi ukulondoloza umhlaba.
- Ngoba wayefuna ezinye izingane zibone ukuthi nazo zingakwazi ukubhikisha nokukhuluma.

STORY 5

# UTREVOR NOAH, UNWABU

Indikimba: Ubunjalo bethu





### Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba esaqiniso.
- Isethwe eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini esisanda kwedlula.
- Lendaba izosiza abafundi bakho baqonde ukuthi lwaluyini ubandlululo, nokuthi imithetho engenabo ubulungiswa yazichaphazela kanjani izimpilo zabantu. Iyabonisa ukuthi uTrevor Noah walusebenzisa kanjani ulimi, amahlaya, nokuzimisela ukunqoba izinselelo nokuthi azizwe eyingxenye yomphakathi.



### Isu lokuqondisisa: Yenza iziphetho

- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.



### Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Ubandlululo kwakuyinqubo yemithetho yaseNingizimu Afrika eyayihlukanisa abantu ngokobuhlanga. Ngesikhathi sobandlululo, abantu ababevela emaqenjini ehlukene obuhlanga babengaphathwa ngokulingana futhi babengenawo amalungelo namathuba afanayo.
- INingizimu Afrika iyikhaya lezinhlanga nezilimi eziningi ezehlukene. Abantu bangajwayela ukuxhumana nokwakha ubungani ngokufunda izilimi zabanye.
- Ukuba mdibi munye kusho ukwemukeleka, ukwenziwa ingxenye nokwaziswa yiqembu labantu. Ngesinye isikhathi abantu bazizwa behlukile kulabo ababazungezile futhi badinga ukuthola izindlela zokuxhumana nabanye.
- Usomahlaya umuntu ohlekisa abantu ngamahlaya, izindaba nangokudlala. UTrevor Noah waduma ngoba wayesebenzisa amancoko ukuxoxa izindaba ngempilo yakhe namgomhlaba omzungezile.



Ukuze usebenzise leli su:

| Ikhasi nesigaba | Ukufunda | Ithi |
|---|---|---|
| 61, 1 | Unina kaTrevor kwakungumuntu onsundu ongumXhosa. Unina kaTrevor wephula umthetho ongasile wobandlululo. Wathuthela endaweni yaseGoli okwakuvunyelwa abantu abamhlophe kuphela ukuthi bahlale khona. Kulapho ahlangana khona noyise kaTrevor. Kwakungumuntu omhlophe, owayevela ezweni laseSwitzerland. Base bethola uTrevor, umntwana owayewuhlanga oluxubile. | Ngiphetha ngokuthi wonke umuntu emndenini kaTrevor ubukeka ehlukile komunye. |
| 67, 1 | Ngakho, uTrevor waqala ibhizinisi. Wayeqoqa imali kwezinye izingane bese ezithengela ukudla esitolo sasesikoleni. Ngenxa yebhizinisi lakhe, uTrevor wakwazi ukukhuluma nawo wonke amaqembu ezingane esikoleni. UTrevor wafunda ukwamukeleka ngokwenza amahlaya nokuhlekisa abantu. Ukuba namahlaya kwamsiza uTrevor ukuthi aphenduke unwabu olwamukeleka noma yikuphi! | Ngiphetha ngokuthi uTrevor wathola izindlela ezahlukene ukuze amukeleke. Isibonelo, wazama ukufunda izilimi eziningi. Waqala ibhizinisi elamsiza waba nesizathu sokukhuluma nawo wonke umuntu, futhi abenze bahleke. |

Wake wezwa yini ngoTrevor Noah? Ungusomahlaya odumile kanye nombhali. UTrevor ubhale incwadi ebizwa ngokuthi, Born a Crime emayelana nokukhula kwakhe ngesikhathi sobandlululo.



Ngesikhathi sobandlululo, abantu bezinhlanga ezahlukene babehlukanisiwe. Kwakungekho emthethweni ukuthi abantu ababili bezinhlanga ezahlukene babe nezingane ndawonye. Kodwa, abantu bezinhlanga ezahlukene kwakwenzeka ngesinye isikhathi bagcine bethandana baze babe nezingane.




Unina kaTrevor kwakungumuntu onsundu ongumXhosa. Unina kaTrevor wephula umthetho ongasile wobandlululo. Wathuthela endaweni yaseGoli okwakuvunyelwa abantu abamhlophe kuphela ukuthi bahlale khona. Kulapho ahlangana khona noyise kaTrevor. Kwakungumuntu omhlophe, owayevela ezweni laseSwitzerland. Base bethola uTrevor, umntwana owayewuhlanga oluxubile. Ngaleso sikhathi esasisibi, akuzange kube lula kuTrevor ukuthi akwazi ukwamukeleka! Wayengavumelekile ukuthi aye ezindaweni zabantu abamhlophe. Wayengavumelekile futhi nokuba sezindaweni zabantu abansundu. Kanti kwakunguye kuphela emndenini wakhe owayewuhlanga oluxubile.



Ngenkathi uTrevor esemncane, abazali bakhe babehamba naye ngesinye isikhathi baye epaki. Nokho babazi ukuthi bangangena enkingeni uma amaphoyisa angathola ukuthi bawumndeni. Ngakho uma beya epaki babenza sengathi abazani!



Ngelinye ilanga, uTrevor esemncane, wamemeza wathi, “Baba!” futhi wagijimela kuyise. Uyise kaTrevor wayesaba ukuthi kukhona okubi okuzomehlela. Kwakudingeka ukuthi abalekele umntanakhe. Kodwa uTrevor wayecabanga ukuthi wumdlalo nje, wagijima emuva kukayise epaki, ememeza ethi, “Baba! Baba!”



UTrevor wayechitha isikhathi esiningi enoninakhulu eSoweto. Ngaleso sikhathi, kwakungabantu abamnyama kuphela ababevunyelwe ukuhlala eSoweto. Umndeni kaTrevor wawukhathazekile ngokuthi uma amaphoyisa engambona, angazama ukumsusa emndenini wakubo. Ngakho uTrevor wayengavumelekile ukuyodlala ngaphandle emgwaqweni nezinye izingane!

Ngesinye isikhathi wayekulangazelela ngempela ukudlala ngangokuthi waze wagubha umgodi ngaphansi kocingo olubiyele!



UTrevor wafunda ukuthi ulimi luyinto ebalulekile eyakha ukuxhumana nabantu abangafani nawe. UTrevor wake wathi ngolunye usuku ngenkathi efunda zonke izilimi, “waphenduka unwabu”. Ngamanye amazwi, uTrevor wathola ukuthi uma ukhuluma ulimi lwabanye abantu, bazokhohlwa ukuthi awufani nabo. Ulimi lwamsiza ukuthi azizwe emukelekile ezindaweni eziningi lapho ayebukeka khona ehlukile.



Ngesikhathi uTrevor eneminyaka eyishumi, ubandlululo lwaphela. UTrevor waya esikoleni esikhulu samabanga aphakeme esasinezingane ezingaphezu kwenkulungwane. Esikoleni sikaTrevor kwakukhona amakhaladi, amaNdiya, amaShayina, abansundu kanye nabamhlophe. Kuzo zonke izingane zasesikoleni sakhe samabanga aphakeme, uTrevor kwakunguye yedwa ingane eyayinohlanga oluxubile. Kwakunzima ukwazi ukuthi angadlala nobani ngesikhathi sekhefu.



Ngakho, uTrevor waqala ibhizinisi. Wayeqoqa imali kwezinye izingane bese ezithengela ukudla esitolo sasesikoleni. Ngenxa yebhizinisi lakhe, uTrevor wakwazi ukukhuluma nawo wonke amaqembu ezingane esikoleni. UTrevor wafunda ukwamukeleka ngokwenza amahlaya nokuhlekisa abantu. Ukuba namahlaya kwamsiza uTrevor ukuthi aphenduke unwabu olwamukeleka noma yikuphi!



Empilweni yakhe wayezizwa engamukelekile ngezindlela ezahlukahlukene. UTrevor wathola izindlela eziningi ezahlukene zokwenza ukuthi amukeleke. Wafunda izilimi zabanye abantu. Wafunda indlela yokuhlekisa abantu abahlukene. Ukwehluka yikhona okwasiza uTrevor Noah ukuba abe ngusomahlaya ovelele namuhla!





Ukufunda 1

**Wazalwa nini uTrevor?**
UTrevor wazalwa ngesikhathi sobandlululo.

**Wayehlala kuphi uninakhulu kaTrevor?**
Wayehlala eSoweto.

**Wayenzani uTrevor ukuzama ukuthi amukeleke?**
- Wafunda izilimi eziningi.
- Waqala ibhizinisi esikoleni.
- Wafunda ukuhlekisa abantu.

**Yini eyayenza kube lukhuni kuTrevor ukuthi amukeleke?**
- Ngoba wayehlukile kunamanye amalungu omndeni wakhe.
- Ngoba kwakungafanele ayodlala nezinye izingane, ngoba wayengase athathwe amaphoyisa.
- Ngoba esikoleni samabanga aphakeme, kwakunguyena yedwa ingane eyayiwuhlanga oluxubile. Wangemukeleki kalula kwamanye amaqembu ezingane esikoleni.



Ukufunda 2

**Wakhulela kuphi uTrevor?**
Wakhulela eGoli.

**Iyiphi into eyodwa engenza uphethe ngelokuthi impilo kaTrevor yayinzima?**
Ngingaphetha ngelokuthi kwakunzima ngoTrevor …

**Laliyini ibhizinisi likaTrevor?**
Wayeqoqa imali kwabanye abafundi bese ebathengela ukudla esitolo sasesikoleni.

**Yiziphi izindlela zobuchule ezasetshenziswa uTrevor Noah ukuze amukeleke?**
- Waqala ibhizinisi.
- Waqaphelisisa abantu.
- Wafunda izilimi eziningi ezahlukene ukuze akwazi ukuxhumana kalula nabantu ngengxoxo.
- Wafunda ukuhlekisa izinhlobo ezahlukene zabantu.

STORY 6

# ININGIZIMU AFRIKA YETHU SONKE



## Indikimba: Ubunjalo bethu



### Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Isethwe eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Lendaba izosiza abafundi bakho baqonde ukuthi ubuthina bakhiwe ngamasiko namagugu ethu nokuthi wonke amasiko abalulekile futhi angawandawonye emiphakathini yethu.



### Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- USuku Lwamagugu yiholide lomphakathi eNingizimu Afrika. Amagugu ayisiko nemikhuba esikuthola njengefa emndenini nasemadlozini ethu.
- Abantu abahlala eNingizimu Afrika banamadlozi nezihlobo ezivela ezindaweni eziningi ezehlukene.
- Umuntu angaba yingxenye yamasiko amaningi noma amazwe amaningi. Isibonelo, umuntu angaba ngowaseNingizimu Afrika aphinde abe namagugu akwelinye izwe.
- Abantu bangabukeka behlukile, bakhulume izilimi ezehlukene noma bagqoke izimpahla ezehlukene. Kubalulekile ukuhlonipha nokufaka wonke umuntu noma ngabe uhlukile kithina.



### Isu lokuqondisisa: Yenza iziphetho

- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.



Ukuze usebenzise leli su:

| Ikhasi nesigaba | Ukufunda | Ithi |
|---|---|---|
| 75, 1 | “Ngiyazibuza ukuthi ngingavunyelwa yini ukugubha isiko lami laseBurundi ngoSuku Lwamagugu?” kucabanga yena. | Ngingaphetha ngokuthi u-Olivier uthanda isiko lakhe futhi uyaziqhenya ngalo - kodwa ukhathazekile ukuthi alihambisani neklasi lakhe laseNingizimu Afrika. |
| 78, 1 | Ngalobo busuku, u-Olivier waphupha eklasini lakhe ngoSuku Lwamagugu. Bonke abantwana babegqoke imvunulo yamasiko abo. Kodwa yena wayehlukile kunabo bonke. Wayeme phakathi kwegumbi ngenkathi abanye bekhombisana ngaye futhi bemhleka. | Oh! Ngingaphetha ngokuthi u-Olivier ukhathazeke kakhulu ngokuthi abanye bazocabanga kanjani uma egqoka izingubo zakhe zendabuko zaseBurundi. Ngicabanga ukuthi ukhathazekile ukuthi abanye bazothi akayena ngempela owaseNingizimu Afrika. |

Abantu abahlala eNingizimu Afrika banokhokho abavela emazweni ahlukahlukene. Elinye izwe lapho abantu baseNingizimu Afrika bedabuka khona yiBurundi. Abantu abaningi bashiya iBurundi bebalekela impi eyathatha iminyaka eyi-13.

IBurundi izwe elincane eliseMpumalanga ne-Afrika. Inhlokodolobha yalo iBujumbura. Ulimi olukhulunywa kakhulu khona kuthiwa isiKirundi.




Isigubhu seKaryenda yisigubhu sendabuko saseBurundi. Lezi zigubhu zidlala lapho kunemigubho ebalulekile efana ne-umuganuro (umgubho wamabele) kanye neminye imigubho ekhethekile.

“Sekusondele isikhathi soSuku Lwamagugu. Kusasa sizobe sigubha onke amasiko nemikhuba yaseNingizimu Afrika!” kumemezela uMnu Dube. Yiliphi isiko elikhethekile ohlangeni lwakini?” UNtokozo waphakamisa isandla.

“Ngithanda uma kungumcimbi okhethekile bese mina nomama sigqoka izishweshwe!” kusho yena.

“O! Ngithanda ukusina indlamu esikweni lakithi,” kusho uFunani.



U-Olivier wahlala ngokuthula esihlalweni sakhe. Wacabanga ngezigubhu zeKaryenda ezazidlalwa ngamadoda emigubheni yaseBujumbura. “Ngiyazibuza ukuthi ngingavunyelwa yini ukugubha isiko lami laseBurundi ngoSuku Lwamagugu?” kucabanga yena.



Kwakhala insimbi yokuphuma kwesikole. “Ningakhohlwa kusasa ukugqoka imvunulo yamasiko enu ukuze sizogubha onke amasiko aseNingizimu Afrika!” kusho uMnu Dube.

“Ingabe ngivumelekile ukugqoka iphajini (indwangu eyisiketi) yami?” kusho u-Olivier ezibuza.



U-Olivier wayekhathazekile ngemvunulo yakhe yoSuku Lwamagugu kwaze kwafika isikhathi sokulala.



Ngalobo busuku, u-Olivier waphupha eklasini lakhe ngoSuku Lwamagugu. Bonke abantwana babegqoke imvunulo yamasiko abo. Kodwa yena wayehlukile kunabo bonke. Wayeme phakathi kwegumbi ngenkathi abanye bekhombisana ngaye futhi bemhleka.

“Kuyini lokhu?” kugigitheka uNtokozo.

“Lokhu akusiyo imvunulo yaseNingizimu Afrika!” kusho uFunani.

“U-Olivier akayena owalapha!” kumemezela uMnu Dube.



Iphupho elibi lika-Olivier laphazanyiswa uyise owamvusa ngokumnyakazisa.

“Olivier, sekuyisikhathi sesikole!” kusho uMnu Buyoya.


“Angifuni ukuya esikoleni namhlanje,” kuphendula u-Olivier.

“Kungani, kwenzekani?” kubuza uMnu Buyoya.

“Namhlanje uSuku Lwamagugu esikoleni. UMnu Dube usitshele ukuthi sigqoke okuthile kokugubha amasiko ethu aseNingizimu Afrika. Kodwa mina anginalo isiko laseNingizimu Afrika,” kusho yena.

“Yebo, kungenzeka ukuthi awunalo isiko laseNingizimu Afrika, kodwa unesiko elikhethekile.

USuku Lwamagugu lumayelana nokugujwa abantu baseNingizimu Afrika bonke – kulokhu kubalwa nabantu baseNingizimu Afrika bamasiko onke!” kusho uMnu Buyoya ngomoya ophansi. “Ima lapha!” kusho yena.



Uyise ka-Olivier wabuya egunjini lakhe ephethe iphajini endala futhi wamsiza ngokuyigqoka. “Manje usubonakala usukulungele ukudlala isigubhu sakho seKaryenda!” kusho uMnu Buyoya.



U-Olivier wayithanda imvunulo yakhe yesiko laseBurundi ngenkathi ezibuka esibukweni. Kodwa ukumoyizela kwakhe kwasheshe kwaphela. “Ngizothini uma kukhona umuntu ozothi angamukelekile?” ebuza ekhathazekile.

“Uzobatshela ukuthi iNingizimu Afrika ingeyethu sonke. Ungumuntu waseNingizimu Afrika oziqhenyayo onesiko laseBurundi!” kusho uMnu Buyoya.



U-Olivier wayelokhu eqalaza ngenkathi engena eklasini lakhe. Wayelindele ukukhonjwa nokuhlekwa. Wayephinda lokho ayekutshelwe nguyise: “INingizimu Afrika ingeyethu sonke. Ngingumuntu waseNingizimu Afrika oziqhenyayo onesiko laseBurundi.”




Nokho, akekho owathi u-Olivier akemukelekile.

“Ewu! Ngiyayithanda imvunulo yakho,” kusho uNtokozo.

“Ngifuna ukwazi ngesiko lakho!” kusho uFunani.

“Amasiko ethu sonke angawalapha!” kumemezela uMnu Dube.





## Ukufunda 1

**Udabuka kuphi umndeni ka-Olivier?**
Umndeni ka-Olivier udabuka eBurundi.

**Uhlala kuphi umndeni ka-Olivier manje?**
Uhlala eNingizimu Afrika manje.

**Kungani u-Olivier engafuni ukuya esikoleni?**
- Ngoba wayecabanga ukuthi uSuku Lwamagugu olokugubha amasiko athile kuphela.
- Ngoba wayengazi ukuthi angagqoka imvunulo yakhe yesiko laseBurundi.
- Ngoba wayezizwa sengathi akafanelekile.
- Ngoba wayesaba ukuthi ezinye izingane zazizohlekisa ngaye noma zimtshele ukuthi akamukelekile.



## Ukufunda 2

**Elakuphi isiko lika-Olivier?**
Isiko lakhe elaseBurundi.

**Yini eyenzeka ephusheni lika-Olivier?**
Wonke umuntu wayehlekisa ngaye./Wonke umuntu wayemkhomba aphinde amhleke./ Uthisha wakhe wayemtshele ukuthi wayengamukelekile.

**Kungani u-Olivier agqoka iphajini yakhe esikoleni?**
- Ngoba isiko lakhe ngelaseBurundi, ngakho wagqoka iphajini ngoSuku Lwamagugu.
- Ngoba uthisha wakhe watshela abafundi ukuthi bagqoke imvunulo yamasiko abo ngoSuku Lwamagugu.
- Ngoba iphajini iyimvunulo yesiko lakhe.
- Ngoba uyise wamsiza ngokuthi aqonde ukuthi uSuku Lwamagugu lumayelana nokugubha izinhlobo zonke ezahlukene zamasiko aseNingizimu Afrika.
- Ngoba wayeqonda ukuthi angaziqhenya ngalokho ayikho kanye namagugu, amasiko noma ngabe akuwona awokudabuka eNingizimu Afrika.

STORY 7

# UZANDILE UFUNDA UKUZINDLA

Indikimba: Sifunda izinto ezintsha





### Iminingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Isethwe eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Lendaba izosiza abafundi bakho baqonde ukuthi singafunda izinto ezintsha kwabanye abantu, nokuthi ukufunda ikhono elisha kudinga ukuzilolonga nesineke.



### Isu lokuqondisisa: Yenza iziphetho

- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.



### Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Ukuzindla yindlela yokuhlala uthule ubhekise ukunaka kwakho kakhulu endleleni ophefumula ngayo, ukuze kukusize uzizwe unokuthula futhi ukhululekile.
- Imindeni ingaba namasiko ehlukene, izinkolelo noma okwenziwa nsuku zonke. Lokho okubukeka kungajwayelekile komunye umuntu kungaba yinto ejwayelekile komunye umndeni.
- Uma sizama ukugxila entweni eyodwa, ingqondo yethu ivame ukuduka iye kweminye imicabango, njengesikole, ukudla, noma izinto okufanele sizenze. Lokhu kujwayelekile futhi kwenzeka kubo bonke abantu!
- Amakhono amasha amaningi kunzima ukuwafunda. Abantu ngokujwayelekile badinga ukuzilolonga izikhathi eziningi ngaphambi kokuba bathokomale noma baphumelele.



Ukuze usebenzise leli su:


| Ikhasi nesigaba | Ukufunda | Ithi |
|---|---|---|
| 88, 1 | Kusenjalo, wezwa umsindo ongajwayelekile. Wagibela phezu kwesihlalo sakhe, wabheka ngaphezu kothango. Wabona uMnu. kanye noNkz. Kapoor behleli phansi. Babehhumuzela ngamazwi aphansi. | UZandile uyazibuza ukuthi ingabe umndeni wakwaKapoor wenzani, ngakho-ke ngingaphetha ngokuthi uyaqala ukubona umuntu ezindla. |
| 90, 1 | Ngaleyo ntambama, uZandile wathi efika ekhaya waya ngemuva kwendlu. Wahlala phansi. Wahlala waphambanisa imilenze. Wenza umsindo wokuhhumuzela ngezwi eliphansi, “Hhhmmm”. | UZandile wenza zonke izinto azibone zenziwa abazali bakaGeeta. Ngingaphetha ngokuthi naye uzama ukuzindla. Mhlawumbe ufuna ukuthola indlela yokuzizwa ezolile. |

UZandile wavuka ekuseni kakhulu. Kwakusemnyama ngaphakathi endlini. Wathatha incwadi yakhe waphumela phandle.

Wahlala phansi waqala wafunda.



Kusenjalo, wezwa umsindo ongajwayelekile. Wagibela phezu kwesihlalo sakhe, wabheka ngaphezu kothango. Wabona uMnu. kanye noNkz. Kapoor behleli phansi. Babehhumuzela ngamazwi aphansi.



Esikoleni ngalolo suku, uZandile wabona uGeeta edla ukudla kwakhe kwasemini. “Ngibone abazali bakho behleli phansi namuhla ekuseni,” kusho uZandile. “Kungani bebenza lokhu? Akujwayelekile!”

“Hhayi ukuthi akujwayelekile!” kusho uGeeta. “Kuwukuzindla nje!”

“Kuyini ukuzindla?” kubuza uZandile.

“Uyazindla ukuze uzole futhi uyeke ukukhathazeka,” kuphendula uGeeta.



Ngaleyo ntambama, uZandile wathi efika ekhaya waya ngemuva kwendlu. Wahlala phansi. Wahlala waphambanisa imilenze. Wenza umsindo wokuhhumuzela ngezwi eliphansi, “Hhhmmm”.

Kodwa, akazange abe nokuzola. “Ingabe kanti lokhu kusebenza kanjani?” kuzibuza uZandile.



Ngakusasa, uZandile wathola uGeeta. “Ngizamile ukuzindla,” kusho uZandile. “Kodwa akuzange kusebenze! Angizange ngibe nokuzola.”

UGeeta wahleka. “Awukwenzanga kahle!”

“Usho ukuthini?” kubuza uZandile, emfoma izithukuthuku. “Wazi kanjani?”

Izihlathi zikaGeeta zajika zaba bomvu. “Ee, ngikulunguzile, ngaphezu kothango.”

UZandile kanye noGeeta baqala bahleka. “Uze ekhaya uma kuphuma isikole,” kusho uGeeta. “Ngiyaqiniseka ukuthi ubaba uzokukhombisa ukuthi kwenziwa kanjani.”



Emva kokuphuma kwesikole, uZandile wafika ekhaya wabeka phansi isikhwama sakhe sesikole. Waya kwamakhelwane. Wangqongqoza emnyango wakwaKapoor.

UGeeta wavula umnyango. “O, sawubona Zandile!” kusho uGeeta. “Ngena. Ngimtshelile ubaba ukuthi uzofika.”

UMnu. Kapoor wayehlezi etafuleni lasekhishini, efunda iphephandaba. “Zandile!” esho ngokumamatheka okukhulu. “Ngizwa kuthiwa ufuna ukufunda indlela yokuzindla! Uyintombazane ehlakaniphile!”



UMnu. Kapoor wabeka phansi iphephandaba lakhe. "Woza," kusho yena, ekhomba uZandile. "Woza nawe," kusho uMnu. uKapoor eqondise kuGeeta. Amantombazane amlandela baya ngemuva kwendlu.

UMnu. uKapoor wakhombisa uZandile ukuthi kuhlalwa kanjani. UGeeta wasiza uZandile ukuthi abeke izandla zakhe endaweni efanele. Bamkhombisa uZandile ukuthi aphefumule kakhulu, ngokungajahi. "Khohlwa yikho konke okunye," kusho uGeeta. "Vala amehlo ucabange ngokuphefumula kwakho."



Bahlala ndawonye isikhathi eside.

UZandile wazama ukucabanga ngokuphefumula kwakhe, kodwa kwaba khona izinto eziningi eziza ekhanda lakhe. Wacabanga ngomsebenzi wakhe wasekhaya wezibalo. Wacabanga ngokuthi wayelambe kangakanani. Wacabanga ngokuthi unina upheke siphi isidlo ngalolo suku.



“Ingabe uzizwa uzolile?” UMnu. uKapoor ebuza uZandile.

“Mmh, angiboni ukuthi ngingakwenza lokhu!” kuphendula uZandile. “Angikwazi ukucabanga ngokuphefumula kwami.”

“Kufanele uzilolongele ukuzindla,” kusho uGeeta. “Buya kusasa uma usafuna! Singazilolonga sisobathathu!”



Nebala wenza kanjalo.





## Ukufunda 1

**Ngabakwabani omakhelwane bakubo kaZandile?**
AbakwaKapoor, uGeeta nabazali bakhe.

**Yini lena uZandile ayefuna ukufunda indlela yokuyenza?**
Wayefuna ukufunda ukuthi kuzindlwa kanjani.

**Kufanele enzeni ukuze akwazi ukuzindla?**
Kufanele ahlale ngendlela efanele. Kufanele abeke izandla zakhe endaweni efanele. Kufanele aphefumule kakhulu, ngokungajahi. Kufanele avale acimeze, acabange ngendlela aphefumula ngayo.

**Kungani uZandile aya emzini wakwaKapoor?**
- Ngoba ufuna ukufunda indlela yokuzindla.
- Ngoba uGeeta wamtshela ukuthi angeza azofunda.
- Mhlawumbe wayeyifuna ngempela indlela eyayizomenza azizwe ezolile.



## Ukufunda 2

**Wabonani uZandile ngenkathi elunguza ngaphezu kothango?**
Wabona abakwaKapoor (abazali bakaGeeta) bezindla emuva kwendlu.

**Wabonani uGeeta ngenkathi elunguza ngaphezu kothango?**
Wabona uZandile ezama ukuzindla.

**Waphatheka kanjani uZandile ngenkathi ethola ukuthi uGeeta umbonile?**
- Kungenzeka ukuthi waba namahloni.
- Kungenzeka ukuthi wamangala.

**Kungani uZandile wayefuna ukuzilolongela ukuzindla?**
- Ngoba ukuzindla kudinga ukuzilolonga.
- Ngoba wayekufuna ngempela ukufunda ukuzindla.
- Ngoba wayesafunda. Ukuzindla kunzima.
- Ngoba ngesikhathi ezama, akazizwa enokuzola.
- Ngoba ufuna ukuzilolonga ngokwanele ukuze azizwe enokuzola.

STORY 8

# NGUBANI UKATHERINE JOHNSON?



## Indikimba: Sifunda izinto ezintsha



### Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba esaqiniso.
- Yenzeka eMelika.
- Yenzeka esikhathini sanamuhla, abalingiswa baxoxa ngezigameko ezenzeka esikhathini esedlule.
- Lendaba izosiza abafundi bakho baqonde ukuthi singafunda izinto ezintsha kwabanye abantu, ezincwadini, nangokufunda ngabantu ababalulekile emlandweni. Iphinde ikhombise ukuthi ukufunda nemfundo kungabasiza kanjani abantu ukuxazulula izinkinga futhi bazuze izinto ezinkulu.



### Isu lokuqondisisa: Yenza iziphetho

- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.



### Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- USozibalo umuntu osebenzisa izinombolo, amaphethini, nokubala ukuxazulula izinkinga. Uthi bewazi ukuthi izibalo zisetshenziswa ekudwebeni amabhilidi, ukuqagela isimo sezulu nokuhlela ukuvakashela emkhathini?
- Ngonyaka ka 1969, abantu bavakashela enyangeni ngomkhumbimkhathi banyathela kuyona okokuqala ngqa. Ososayensi abaningi, onjiniyela nosozibalo basebenza ndawonye ukuze lokhu kuphumelele.
- INASA yindawo esebenza ngezomkhathi yaseMelika. INASA ihlela iphinde ithwale imisebenzi yomkhathi okubalwa kuyo ukuthumela osomkhathi emkhathini nasenyangeni.
- Ukubandlulula ilapho abantu bephathwa ngendlela engafanele ngenxa yento abangeke bakwazi ukuyishintsha, njengobuhlanga, ubulili, ulimi noma ukukhubazeka. Ukubandlulula kungavimba abantu ekutholeni amathuba afanayo nawabanye.



Ukuze usebenzise leli su:

| Ikhasi nesigaba | Ukufunda | Ithi |
|---|---|---|
| 103, 1 | “UKatherine waqala isikole samabanga aphezulu eneminyaka eyi-10 nje kuphela ubudala. Cabanga nje ukuba ubuzoqala isikole samabanga aphezulu kule minyaka onayo!” kusho uMnu Kapoor. “Kanti waqala enyuvesi eneminyaka eyi-14! Wayazi izibalo kangangokuthi osolwazi kwadingeka bamenzele izifundo ezintsha, ezikhethekile ezazifanele yena.” | Sazi kanjani ukuthi uKatherine wayehlakaniphile kakhulu? Oh, ngingaphetha ngokuthi wayehlakaniphile ngoba waqala isikole samabanga aphezulu esemncane kakhulu, futhi ngoba kwakudingeka ebe nezifundo zakhe ezikhethekile enyuvesi. |
| 104, 1 | UGeeta wazama ukucabanga ngokuya esikoleni samabanga aphezulu kunokuya eBangeni lesi-4. Wazicabanga ehlezi etafuleni lasesikoleni samabanga aphezulu nabantwana abadala basesikoleni samabanga aphezulu. “Angicabangi ukuthi ngikulungele ukuya esikoleni samabanga aphezulu!” kusho yena. | Ngiyazibuza ukuthi kungani uGeeta ezame ukuzicabanga esesikoleni samabanga aphezulu? Oh! Ngingaphetha ngokuthi kumele cishe abe uneminyaka efanayo neleyo uKatherine ayenayo ngesikhathi eqala isikole samabanga aphezulu. Uzama ukuzicabanga ukuthi lokho bekuzoba njani. |

Ngobunye ubusuku obufudumele, uGeeta noyise bahlala emva kwegceke bebheke phezulu ukukhanya kwenyanga egcwele.

"Ngifuna ukuya emkhathini ngolunye usuku! Ngifuna ukuntanta ngaphandle kwamandla adonsela izinto phansi!" kusho uGeeta ephupha.

"Angifuni uzicabange ugibele isiphuphutheki!" kuhleka uMnu Kapoor. Mhlawumbe kufanele ufane noKatherine Johnson."

"Ngubani manje uKatherine Johnson?" kubuza uGeeta.

"Kwakungowesifazane okhaliphile ngokubala izibalo. Akazange aye emkhathini, kodwa akekho owayengaya emkhathini ngaphandle kwakhe," kuchaza uMnu Kapoor.




“Ngafunda ukuthi uKatherine esemncane wayebala yonke into,” kusho uMnu Kapoor kuGeeta. “Wayebala izitsha ekhabetheni lasekhishini. Wayebala izinyathelo ayezihamba uma eya esikoleni. Wake wazama ngisho nokubala izinkanyezi esibhakabhakeni!”

UGeeta wabuka izinkanyezi phezulu wase eqala ukuzibala. Engxenyeni encane yesibhakabhaka, wabala izinkanyezi eziyi-100. “Ukubala zonke izinkanyezi kwakuzomthatha ingunaphakade!” kuhleka uGeeta.



"UKatherine waqala isikole samabanga aphezulu eneminyaka eyi-10 nje kuphela ubudala. Cabanga nje ukuba ubuzoqala isikole samabanga aphezulu kule minyaka onayo!" kusho uMnu Kapoor. "Kanti waqala enyuvesi eneminyaka eyi-14! Wayazi izibalo kangangokuthi osolwazi kwadingeka bamenzele izifundo ezintsha, ezikhethekile ezazifanele yena."



UGeeta wazama ukucabanga ngokuya esikoleni samabanga aphezulu kunokuya eBangeni lesi-4. Wazicabanga ehlezi etafuleni lasesikoleni samabanga aphezulu nabantwana abadala basesikoleni samabanga aphezulu. "Angicabangi ukuthi ngikulungele ukuya esikoleni samabanga aphezulu!" kusho yena.



“UKatherine wayefuna ukuba ngumcwaningi wokubala izibalo. Wayekulungele futhi eqeqesheke ngokwanele. Kodwa, ngesikhathi eqeda ukuthola iziqu zakhe enyuvesi, kwakunzima kwabesifazane ikakhulukazi abesifazane abansundu, ukuthola imisebenzi efana nalena ngenxa yobandlululo ababebhekene nalo,” kusho uMnu Kapoor.



“Luyini ubandlululo?” kusho uGeeta ebuza uyise.

“Ubandlululo luwukuphatha umuntu ngendlela engafanele ngenxa yezinto angeke akwazi ukuzishintsha, njengebala noma ubulili bakhe. UKatherine waphathwa njengongakhaliphile njengabanye abantu ngenxa yebala kanye nobulili bakhe.”

UGeeta wacabanga ngesikhathi uMalcolm embhuqa ethi ngeke afane naye ezibalweni ngoba wayeyintombazane. “Ubandlululo lukwenza uzizwe ungabalulekile,” kusho yena. “Kanti-ke akufanele – njalo ngangithola amamaki angcono ezibalweni zomsebenzi wami wasekhaya kunoMalcolm!”



“Cabanga nje ukuba uMalcolm ubengazama ukuthatha incwadi yakho yomsebenzi wasekhaya abhale igama lakhe kuyo!” kuqhubeka uMnu Kapoor. “Ngenkathi uKatherine eqala ukusebenzela iNASA (National Aeronautics and Space Administration), inhlangano ehlola umkhathi, wayenomsebenzi omkhulu wokubhala imibiko emayelana nomsebenzi wakhe. Kodwa, amadoda ayewasebenzela ayengamvumeli ukuthi afake igama lakhe emibikweni. Phela amadoda ayekwenza lokhu ukuze ezothola lonke udumo ngomsebenzi wakhe. Wayengavunyelwa futhi ukuthi aye emihlanganweni nabo bonke abantu besilisa ayesebenza nabo. UKatherine kwakufanele elokhu etshela abantu ephindelela ukuthi naye wayelapho. Ekugcineni, wathola imvume yokuthi igama lakhe nalo livele emibikweni, futhi wavunyelwa ukuba semihlanganweni.”

UGeeta wacabanga uMalcolm entshontsha umsebenzi wakhe wasekhaya bese ebhala igama lakhe kuwo. Wacabanga ngothisha wakhe uMnu Payi encoma uMalcolm ngokusebenza kwakhe kanzima. Ukuba benginguKatherine, bengizokhala!” kusho uGeeta.

"Noma kwakukhona leyo mingcele, uKatherine wayengomunye wabantu abakhaliphe kakhulu eNASA. Wasiza ngokubala ukuthi umuntu wokuqala uzofika kanjani emkhathini. Wasiza ngokwenza icebo lendlela isiphuphutheki sokuqala esizoya ngayo enyangeni, kanye nomkhumbi-mkhathi ngemuva kwalokho. Futhi ngemuva kokuthatha umhlalaphansi, uKatherine wakhuluma ngokubaluleka kwezibalo kuzo zonke izingane," kusho uMnu Kapoor. "Ngakho ngicabanga ukuthi ubezothanda ukuthi ufunde izibalo kunokuthi ufune ukuya enyangeni. Kanti nami futhi ngithanda kanjalo!" kusho uMnu Kapoor ehleka.



“Sekuyisikhathi sokulala!” kusho yena. UGeeta waphinda wabuka phezulu enyangeni. Wayecabanga ngoKatherine Johnson ebala indlela eya lapho. Ngemuva kwalokho, walandela uyise bangena endlini.





## Ukufunda 1

**Wayengubani uKatherine Johnson?**
UKatherine Johnson wayengungoti wezibalo odumile owayesebenza eNASA.

**Wayeneminyaka emingaki uKatherine ngenkathi eqala esikoleni samabanga aphezulu?**
Wayeneminyaka eyi-10 nje kuphela ngenkathi eqala esikoleni samabanga aphezulu.

**Wabhekana kanjani nobandlululo uKatherine Johnson?**
- Kwakunzima kuye ukuthola umsebenzi nakuba wayekhaliphile futhi eqeqesheke ngokwanele.
- Wayephathwa sengathi akakhaliphile njengabanye abantu ngoba wayengowesifazane onsundu.
- Abantu besilisa eNASA bazama ukuthatha udumo ngemibiko yakhe. Wayengavunyelwe ukubhala igama lakhe emibikweni noma ibhalwe nguye.
- Wayengavunyelwe ukuya emihlanganweni nabesilisa ayesebenza nabo.



## Ukufunda 2

**UMnu Kapoor ufuna uGeeta afane nobani?**
Ufuna uGeeta afane noKatherine Johnson.

**Ngubani owayebandlulula uGeeta?**
UMalcolm owayebandlulula uGeeta.

**Kungani uyise kaGeeta ayefisa ukuthi afane noKatherine Johnson?**
- Ngoba wayengafuni ukuthi uGeeta andizele enyangeni ngesiphuphutheki – kunalokho angenza izibalo.
- Mhlawumbe yingoba wayecabanga ukuthi uKatherine Johnson wayengumuntu ohlaba umxhwele.
- Mhlawumbe yingoba wayefuna uGeeta alwisane nobandlululo njengoba noKatherine Johnson enza.

